



## World Read Aloud Day 2020

In 2009, LitWorld, a literacy organisation in the USA, started World Read Aloud Day because it wanted to create a platform which ordinary people could use to show the world that they believe in everybody's right to read and share stories. Since then, every year on World Read Aloud Day, people all around the world read aloud together and share stories to advocate for literacy as a human right.



## Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale lowezi-2020

Ngowezi-2009, i-LitWorld, inhlangothi yokufunda nokubhala ese-USA, yaqala uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ngoba yayifuna ukusungula ingosi abantu abajwayelekile abangayisebenzisa ukukhombisa umhlaba ukuthi bakholelwa elungelweni likawonkewonke lokufunda nokwabelana ngezindaba. Ukusuka ngaleso sikhathi, njalo ngonyaka ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, abantu emhlabeni jikelele bafunda kuzwakale bendawonye futhi babelane ngezindaba ukubonakalisa ukukholelwa ekufundeni nokubhala njengalungelo lesintu.

### 5 GOOD REASONS TO READ ALOUD

1. Reading aloud to your children helps to develop the bond between a parent and child.
2. When you read aloud to children and they enjoy the story, they see reading as a satisfying activity and this helps to motivate them to read for themselves.
3. Reading aloud to young children shows them how we read and how books work. This knowledge makes it much easier for them to learn to read later on.
4. Children are able to understand and enjoy stories that are beyond their own reading ability when they hear them read aloud.
5. Hearing new words used in a story develops children's vocabulary and gives them a rich language to draw from when they write their own stories.

### IZIZATHU EZINHLE EZIYISI-5 ZOKUFUNDA KUZWAKALE


1. Ukufundela izingane zakho kuzwakale kusiza ukuthuthukisa ubudlelwane phakathi komzali nengane.
2. Uma ufundela izingane kuzwakale bese ziyithokozela indaba, ubona ukufunda njengento egculisayo futhi lokhu kusiza ukuzigugquzela ukuthi zizifunde.
3. Ukufundela izingane ezincane kuzwakale kuzikhombisa ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi. Lolu lwazi lwenza kube lula kakhulu kuzona ukuthi zifunde ukufunda okubhaliwe ekuhambeni kwesikhathi.
4. Izingane zikwazi ukuqonda nokuthokozela izindaba ezingaphezu kwamazinga azo okwazi ukufunda uma zizizwa zifundwa kuzwakale.
5. Ukuzwa amagama amasha asetshenziswa endabeni kuthuthukisa ulwazimagama lwezingane futhi kuzinikeza ulimi olunothile ezingathathela kulo uma sezibhala izindaba zazo.

### INSIDE!

A special Nal'ibali World Read Aloud Day cut-out-and-keep book, *A day to remember*, (pages 5, 6, 11 and 12).

### NGAPHAKATHI!

Incwadi ekhethekile kaNal'ibali yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale oyisika uyikhiphe bese uyigcina ethi, *Usuku esiyohlale silukhumbula*, (amakhasi 5, 6, 11 nele-12).



### Be a reading activist

The simple act of reading aloud on World Read Aloud Day is about more than people sharing stories they enjoy. It also shows our children and others around us that:

- ★ we think reading is important.
- ★ we are committed to helping children become readers by reading aloud to them regularly.
- ★ we believe that everyone has the right to learn how to read!

### Yiba yisishosho sokufunda

Isenzo esilula sokufunda kuzwakale ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale simayelana nokungaphezudlwana nje kwabantu ababelana ngezindaba abazithokozelayo. Siphinde sikhombise izingane zethu nabanye abaseduze kwethu ukuthi:

- ★ sicabanga ukuthi ukufunda kubalulekile.
- ★ sizinikele ekusizeni izingane ukuthi zibe ngabafundi bezincwadi ngokuzifundela kuzwakale njalo nje.
- ★ sikholwa ukuthi wonke umuntu unelungelo lokufunda indlela yokufunda okubhaliwe!



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.



# Join us on World Read Aloud Day!

Since 2013, Na'ibali has been bringing you a special story to celebrate World Read Aloud Day. Last year, the story was read to 1 162 879 children on one day! This year's story, *A day to remember*, features some of our much-loved Na'ibali characters. It was written by published author and member of the Na'ibali Supplement team, Lorato Trok, and illustrated by cartoonist, Rico. Read it to the children in your life this World Read Aloud Day, 5 February 2020, and be part of the excitement!

## How to join in

1. Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to sign up your family, reading club or school and help make this the biggest World Read Aloud Day celebration in South Africa.
2. Make Na'ibali World Read Aloud Day badges with your children. Use the template on page 16, or design your own badges.
3. On 5 February 2020, read our special World Read Aloud Day story to:
  - ★ your own children, grandchildren, nieces and nephews
  - ★ children in your class or at your school
  - ★ groups of children at specially arranged events at your reading club, library or community centre.
4. Do other fun World Read Aloud Day activities. Use the ideas on page 3 to help you.

# Hlanganyela nathi ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale

Ukusuka ngowezi-2013, uNa'ibali ubekulethela indaba ekhethekile yokugubha uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Ngonyaka owedule, indaba yafundelwa izingane eziyi-1 162 879 ngosuku olulodwa! Indaba yanonyaka ethi, *Usuku esiyohlale silukhumbula*, ihlanganisa abanye babalingiswa bakwaNa'ibali abathandwa kakhulu. Yabhalwa ngumbhali oshicilele izincwadi noyilungu lethimba leSithasiselo sikaNa'ibali, uLorato Trok, nelidwetselwe imifanekiso ngumdwebi wopopayi, uRico. Ifundele izingane ezisempilweni yakho ngalolu Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, mhla ziyisi-5 kuNhlolanja wezi-2020, ube yingxenywe yenjabulo!

## Indlela yokuhlanganyela nathi

1. Vakashela izindlalwazi esithi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma u-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) usayinele umndeni wakho, ithimba lokufunda noma isikole, usize ukwenza lo mgubho woSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ube ngomkhulukazi eNingizimu Afrika.
2. Yakha nezingane zakho amabheji kaNa'ibali oSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Sebenzisani isibonelo okugcwaliswa kuso esisekhasini le-16, noma nidizayine awenu amabheji.
3. Ngomhla zi-5 kuNhlolanja wezi-2020, funda indaba ekhethekile yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ufundele:
  - ★ izingane zakho, abazukulu, nabashana bakho
  - ★ izingane ezisekilasini lakho noma esikoleni sakho
  - ★ gamaqoqo ezingane emicimbini ehlelwe ngokukhethekile ethimbeni lakho lokufunda, emtatsheni wezincwadi noma esikhungweni somphakathi.
4. Yenza eminye imisebenzi ejabulisayo yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Sebenzisa amasu asekhasini lesi-3 ukuze usizakale.



## How to share our special World Read Aloud Day story

1. Before you read the story, introduce it to the children. Ask them, "Have you ever done something that didn't quite go as you had planned? What happened? How did that make you feel?" Encourage them to share their experiences with you.
2. Read the story, *A day to remember*, on pages 5, 6, 11 and 12 to the children. (Practise reading it aloud a few times before you read it aloud to the children.) Bring the story alive by putting lots of expression into your voice and using body actions as you read.
3. After you have read the story, ask the children these questions.
  - ★ Do you know any other stories with scary creatures in them? What happens in those stories?
  - ★ What do you think of Hope's plan? Do scary creatures have to be big? What ways can you think of to make scary creatures?

## Indlela yokwabelana ngendaba yethu yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale

1. Ngaphambi kokuba ufunde indaba, yethule ezinganeni. Zibuze uthi, "Wake wenza okuthile okungazange nokho kuhambe ngale ndlela owawuhlele ngayo? Kwenzekani? Kwakwenza wazizwa kanjani lokho?" Zikhuthaze ukuba zikuxoxele ngalokho okwenzeka.
2. Fundela izingane indaba ethi, *Usuku esiyohlale silukhumbula*, emakhasini 5, 6, 11 nele-12. (Zejwayeze ukuyifunda uphimisele izikhathi ezingana ngaphambi kokuba uyifunde kuzwakale sewuyifundela izingane.) Yenza indaba ihlabahlose ngokushintshashintsha iphimbo lakho ulingise nangomzimba wakho ngenkathi ufunda.
3. Emva kokuba usuyifundile indaba, buza izingane le mibuzo.
  - ★ Zikhona ezinye izindaba ozaziyo ezikhuluma ngezilwane ezesabekayo? Kwenzekani kulezo zindaba?
  - ★ Ucabangani ngecebo likaHope? Ingabe izilwane ezesabekayo kufanele zibe zinkulu? Yiziphi izindlela ongacabanga ngazo zokwenza izilwane ezesabekayo?





# Celebrate World Read Aloud Day!

Here are some ideas for ways to celebrate World Read Aloud Day wherever you are.

- ♥ Let your children make their **World Read Aloud Day badges** (see page 16) before 5 February so that they can wear them on World Read Aloud Day.
- ♥ **Read the special World Read Aloud Day story**, *A day to remember*, (pages 5, 6, 11 and 12). Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) and sign up to let us know how many children you read to. (See our suggestions for how to share the story on page 2.)
- ♥ Do one or more of the **story activities** suggested for *A day to remember* in the "Get story active!" section on page 13.
- ♥ **At home:** Invite family and friends over for a Read Aloud Night. Read your favourite books aloud to each other and share why you enjoy them so much. Share old and new favourites with one another.
- ♥ **At your school:** Create a "read aloud space" and make sure that it has lots of books suitable for different ages. In the week before World Read Aloud Day, ask volunteers (children, staff, parents and community members) to sign up to read aloud to others throughout the day on 5 February. On World Read Aloud Day, let children enjoy being read to in this special space.
- ♥ **In the community:** Arrange a story-sharing event at your library or in another community space. Invite adults and children to come along and share stories that are important to them, whether these are tales passed down through their families, or come from books that are special to them. Give away material on the importance of reading to children. You can find tip sheets in different South African languages to download for free in the "Story sharing" section of the Nal'ibali website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).
- ♥ **At work:** Leading up to World Read Aloud Day, organise a book collection drive by asking your co-workers to donate books that can be given to a local school or reading club. And on 5 February spend time as part of a meeting, during a lunch break, or after hours reading together.

# Gubha uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale!

Nawa amacebo ngezinye izindlela zokugubha uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale noma yikuphi lapho okhona.

- ♥ Izingane zakho mazenze awazo **amabheji oSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale** (bheka ikhasi le-16) ngaphambi komhla ziyisi-5 kuNhlolanja yikhona zizowagqoka ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.
- ♥ **Funda indaba ekhethekile yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale** ethi, *Usuku esiyohlale silukhumbula*, (amakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12). Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ubhalise ukusazisa ukuthi zingaki izingane ozifundelayo. (Bheka iziphakamiso zethu mayelana nendlela yokwabelana ngendaba ekhasini lesi-2.)
- ♥ Yenza owodwa noma ngaphezulu **imisebenzi yendaba** ephakanyiselwe indaba ethi *Usuku esiyohlale silukhumbula* engxenyeni ethi "Yenza indaba ihlabe umxhwele!" ekhasini le-13.
- ♥ **Ekhaya:** Mema umndeni nabangani beze kuBusuku Bokufunda Kuzwakale. Fundelanani izincwadi zenu enizikhonzile bese nabelana ngokuthi kungani nizithokozela kakhulu kangaka. Yabelanani ngezincwadi ezindala nezintsha enizikhonzile.
- ♥ **Esikoleni sakho:** Sungula "indawo yokufunda kuzwakale" bese uqinisekisa ukuthi inezincwadi eziningi ezilungele iminyaka yobudala eyahlukene. Esontweni elingaphambi koSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, ceta abasebenza ngokuzithandela (izingane, othisha, abazali namalunga omphakathi) ukuthi babhalise ukuze bafunde abanye kuzwakale usuku lonke mhla ziyisi-5 kuNhlolanja. NgoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, izingane mazithokozele ukufundelwa kule ndawo ekhethekileyo.
- ♥ **Emphakathini:** Hlela umcimbi wokwabelana ngendaba emtatsheni wezincwadi wenu noma kwenye indawo yomphakathi. Mema abadala kanye nezingane ukuthi beze bezokwabelana ngezindaba ezibalulekile kubona, noma ngabe lezi yizindaba ezixoxwayo ezedluliswa emindenini yabo, noma ziphuma ezincwadini ezikhethekile kubo. Nikezela ngeziqephu ezibhalwe ezimayelana nokubaluleka kokufunda ezinganeni. Ungathola iziqephu zamacebiso ngezilimi ezahlukene zaseNingizimu Afrika ukuthi uzikhiphe engxenyeni ethi, "Story sharing" yesizindlwazi sakwaNal'ibali ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).
- ♥ **Emsebenzini:** Ukubheka kuSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, hlela umkhankaso wokuqoqa izincwadi ngokucela osebenza nabo ukuthi banikele ngezincwadi ezinganikezwa isikole sendawo noma ithimba lokufunda. Bese-ke ngomhla ziyisi-5 kuNhlolanja uchitha isikhathi njengengxenywe yomhlangano, ngesikhathi sekhefu lesidlo sasemini, noma ngemva kwesikhathi sesikole nifunda ndawonye.



## WIN! WINA!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *What's at the park?* (pages 7 to 10), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Your review could be published in a future Nal'ibali Supplement!) Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Yini esepaki?* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Iqoqa lakho lokuhlaziya lingashicilelwa kuSithasiselo sikaNal'ibali sangesikhathi esizayo!) Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Drive your imagination



## Story stars



Meet the author of this year's World Read Aloud Day story, Lorato Trok! Lorato is a qualified teacher and librarian, a literacy activist who is passionate about children's literature (particularly in indigenous languages), a published author and a member of the team that produces the Nal'ibali Supplement.

### How did you start writing for children?

When I worked as a librarian in my hometown of Kuruman in the Northern Cape, there were no children's books in Setswana so I started re-versioning English stories into Setswana for local teachers and children. When I saw the happy faces of the children as they listened to stories in their mother tongue, I knew it was a myth that South Africans don't want to read in African languages!

### What advice would you give someone wanting to write for children?

Put yourself in a child's shoes when you write, and read, read and read children's stories!

### What languages do you write and read in?

I write mostly in Setswana, but also in English. I read in Setswana and English, and sometimes in Afrikaans.

### What makes children want to read?

Interesting, colourful stories. Stories that reflect their own lives and identities.

### Have you always liked books?


Yes, for as long as I can remember. Even now, when I go to a party, I take a book with me to read!

### Who helped to grow a love of reading in you?

My mother and my aunt. They were master story tellers who told me stories every single night! I knew then this was what I wanted to do with my life.

Complete the sentence:  
Stories are ...

... a gift to the world!



## Abavelele ezindabeni



Hlangana nombhali wendaba yanonyaka yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, uLorato Trok! ULorato unguthisha oqeqeshiwe nosomtapo wezincwadi, isishosho sokufunda nokubhala esinentshisekelo ngemibhalo yezingane yobuciko (ikakhulukazi ngezilimi zesintu), umbhali oseshicilele izincwadi kanye nelunga lethimba elikhiqiza Isithasiselo sikaNal'ibali.

### Waqala kanjani ukubhalela izingane?

Ngenkathi ngisebenza njengosomtapo wezincwadi edolobheni langakithi laseKuruman eNyakatho Kapa, kwakungekho zincwadi zezingane ngesiTswana ngakho ngaqala ngahumusha izindaba zesiNgisi ngolimi lwesiTswana ngenzela othisha bendawo kanye nezingane. Lapho ngibona ubuso obuthokozile bezingane ngenkathi zilalela izindaba ngolimi lwazo lwebele, ngavele ngazi ukuthi kwakuyingane kwane nje ukuthi abantu baseNingizimu Afrika abafuni ukufunda ngezilimi zaseNingizimu Afrika zeSintu!

### Yisiphi iseluleko ongasinika umuntu ofuna ukubhalela izingane?

Zifanise nengane ngesikhathi ubhala, bese ufunda, ufunda uphinde ufunde izindaba zezingane!

### Yiziphi izilimi obhala ubuye ufunde ngazo?

Ngibhala ikakhulukazi ngesiTswana, kodwa nangesiNgisi futhi. Ngifunda ngesiTswana nangesiNgisi, kanti ngezinye izikhathi kuba ngesiBhunu.

### Yini okwenza izingane zifune ukufunda?

Izindaba ezijabulisayo nezicwile imibala. Izindaba ezikhombisa impilo yazo kanye nobuzona.

### Ngabe wawuvele uzithanda izincwadi?

Yebo, ngikhumbula ukuthi selokhu kwathi nhlo. Ngisho namanje, uma ngiya emcimbini, ngihamba nencwadi engizoyifunda!

### Ngubani owasiza ukukhulisa uthando lokufunda kuwe?

Umama kanye no-anti wami. Babengogoti babaxoxi bezindaba ababengixoxela izindaba njalo ebusuku! Ngavele ngazi ukuthi le yinto engangifuna ukuyenza empilweni yami.



Qedela umsho:  
Izindaba ziyi ...

... -sipho ongasinika umhlaba!



### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination



UNeo wabona ukuthi uHope wayejabhe kangakanani. "Icebo elihle lelo, Hope!" kusho yena. "Asihambe siye laphaya ngenumva kwalesiya sihlahlala esikhulu. Akkho ozosibona laphaya." UJosh noHope banqekuzisa amakhanda bevumelana nalokhu base nempela beqonda khona. "Josh, ake uhambe uyofuna izintu. Neo, khumula isigqoko sakho sezigebe ngu zasolwandle nepheshi lelo," kuyalela uHope ekhipha izingubo zakhe zekarate nebhelunde esikhwameni sakhe. UJosh wathola izintu ezincane eduze nomqomo kadoti, abangani abathathu base behlala emva kwazihlala besebenzisa izintambo eziphuma esikhwameni sikaHope ukuze bazibophe njengesiphambano emzimbeni wesilwane abasenzile. UHope wase elifutha ibhelunde elibophela ekhanda lesilwane. Isilwane basigqokisa izembatho zikaHope zekarate nesigqoko nendwangu yeso kwezigebe ngu zasolwandle kukaNeo. UJosh wabophela isilwane ekhayithini lakhe. Konke-ke kwabe sekumi ngobumol!

Josh found some thin sticks next to a dustbin and the three friends sat behind the bush using string from Hope's bag to tie them together in a cross-shape for the creature's body. Then Hope blew up the balloon and tied that on for the creature's head. They dressed the creature in Hope's karate clothes and Neo's pirate hat and eye patch. Josh tied the creature onto his kite. And then they were ready!



Hope, Neo and Josh are off to the park for some fun, but things don't work out quite as Hope had planned. When they arrive at the park, it's filled with people who have come to listen to the mayor's speech. Then Bella, her mom and Noodle arrive and that's when everything goes horribly wrong!



UHope, uNeo noJosh bayaphuma baya epaki bayozithokozisa, kodwa izinto azihambi ngendlela uHope abehlele ngayo. Ngenkathi befika epaki, igcwele abantu abeze ukuzolalela inkulumbo kameya. Kwase kufika uBella, unina kanye noNoodle nokuyilesi sikhathi lapho zonke izinto zibhede kakhulu!

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination



Neo saw how sad Hope was. "Nice plan, Hope!" he said. "Let's go over there behind that big bush. No one will see us there." Josh and Hope nodded in agreement and off they went. "Josh, you go and find some sticks. Neo, take off your pirate hat and eye patch," instructed Hope as she took her karate clothes and a balloon out of her bag.

## A day to remember Usuku esiyohlale silukhumbula

Lorato Trok  
Rico  
Malungi Mbhele



World Read Aloud Day 2020  
Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale lowezi-2020





Bathe uma befika epaki, babona imeya ihagwe yisixuku esikhulu sabantu. “Kwenzekani?” uJosh ebuza owesifazane owayemi eduze nje.

“Phela, sekuyisikhathini eside, kukhalazwa kumeya ngokuthi awukho umthunzi owanele epaki,” emphenula. “Ngakho, yenza isiqiniseko sokuthi kutshalwe izihlahla eziningi ezintsha kanti namuhla izele ukuzobungaza lokhu nabantu bonke.”

“Awu bakithi! Ipaki igcwele kakulu ukuthi ngingakwazi ukusebenzisa icebo lami,” kusho uHope, ejabhile.

“Liphi icebo?” kubuza uNeo noJosh ngasikhathi sinye, bebukana.

“Niyayikhumbula indaba engiyifundile mayelana nentombazane enesibindi eyasindisa isigodi sangakubo?” kubuza uHope.

“Empeleni, benginethemba lokuthi singazakhela isilwane esesabekayo, sisibophele ekhayithini likaJosh bese siyindizisa phezu kwepaki. Kodwa manje bhekani!” kusho uHope ekhomba abantu abeneme ababemi bezungeze imeya.



The children hid behind the bush and loosened the kite's string. A strong gust of wind took the creature off into the sky. Up, up, up it went, racing across the sky away from them.

Izingane zacasha emva kwezihlahla zabe sezidedela intambo yekhayithi. Umfutho womoya onamandla wafukula isilwane sabheka phenzulu esibhakabhakeni. Senyuka, senyuka, senyuka sibheke phenzulu, sintweza le esibhakabhakeni siqhela kubo.



Then Hope explained her plan and how it had gone wrong. The mayor listened, and when Hope had finished, he just looked at her ... and then he started laughing. “Well, now you can write your own scary creature story,” the mayor suggested.

Even though Hope’s plan did not quite work out, it was a day they would all remember!

UHope wase elichaza icebo lakhe nokuthi lalingaphumelelanga kanjani. Imeya yalalela, kwathi lapho uHope eseqedile, yasimze yambuka nje ... yabe isiphubuka ihleka. “Uyabona-ke, manje usungabhala eyakho indaba yesilwane esesabekayo,” kuphakamisa imeya.

Ngisho noma icebo likaHope lingazange liphumelele, kodwa kwaba usuku bonke ababeyohlale belukhumbula!





“Yinja!” kusho uZoey.



“It’s a dog!” says Zoey.



Lots more free books at [bookdash.org](https://bookdash.org)

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](https://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](https://www.nalibali.mobi)



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](https://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](https://www.nalibali.mobi)



“Msindo muni lowo ongemuva kwesihlahla?”  
kubuza uGogo.  
“Ngabe uzwakala njenogowenyon?” kubuza uZoey.  
“Cha,” kusho uGogo. “Uzwakala sengathi mkhudlwana kunowenyon. Uyakwazi ukubona ukuthi owani?”



“What’s that noise behind the tree?” asks Granny.  
“Does it sound like a bird?” asks Zoey.  
“No,” says Granny. “It sounds much bigger than a bird. Can you see what it is?”




# What’s at the park? Yini esepaki?

David Mann  
Jess Jardim-Wedepohl






And she's very good at finding Granny's  
secret sweets.  
Futhi unekhono lokuthola amaswidi  
afihlwe nguGogo.



"Phew!" says Granny. "That dog is very smelly!"  
"Hawu!" kusho uGogo. "Leya nja inuka kakhulu!"



Down the road from Zoey's house,  
there is a big, green park.  
Zoey is quite shy, but she loves to play  
in the park. Every day after school,  
Zoey and Granny go there to play.  
Uma wehla ngomgwaqo usuka kubo  
kaZoey, kukhona ipaki enkulu, eluhlaza.  
Uzoey akave enamahloni, kodwa  
uyathanda ukudlala epaki. Nsuku zonke  
uma sekuphume isikole, uZoey kanye  
noGogo baya khona bayodlala.



Kanti kusukela ngalolo suku, uZoey,  
uGogo kanye nomngani wabo  
omusha babedlala epaki nsuku zonke.





Ukwazi ukuthola izimbali ezinhle  
kumazo zonke kanye nezihlahla ezinde  
kumazo zonke.



She can find the prettiest flowers and  
the tallest trees.



And from that day on, Zoey, Granny  
and their new friend played in the  
park every day.









Zoey is good at finding things – even better than Granny! She can find birds and bugs.

Uzoey unekhono lokuthola izinto – futhi kangcono kunoGogo! Ukwazi ukuthola izinyoni nezilwanyana.



UGogo udinga izibuko ukuze abone. Kodwa uyakwazi ukuzwa kahle kakhulu.




The next day, Zoey comes home from school and packs her bag.

“Are you ready to go to the park?” asks Granny.

“Yes, please,” says Zoey.

“Granny, look who’s outside!” says Zoey.



“You found us!” says Zoey. “Now, let’s give you a bath.”

“Usitholile!” kusho uZoey. “Manje, ake sikugeze.”





When they got to the park, they saw the mayor surrounded by a large crowd of people. "What's going on?" Josh asked a woman standing nearby.

"Well, for a long time, the mayor got lots of complaints because there wasn't enough shade in the park," she said. "So, he made sure that lots of new trees were planted and today he's here to celebrate this with everyone."

"Oh no! The park is too full for my plan to work," said Hope, disappointed.

"What plan?" asked Neo and Josh at the same time, looking at each other.

"Do you remember the story I read about the brave girl who saved her village?" asked Hope. "Well, I was hoping we could make a scary creature, tie it to Josh's kite and then fly it over the park. But now look!" said Hope pointing to the happy people standing around the mayor.

"Hurry up, Neo, we don't have much time!" said Hope putting down her heavy bag. Hope and Josh were waiting for Neo. They were all going to the park as part of Hope's plan!

Hope had started hatching a plan after reading the new book her mother had bought her. It was about a girl who had bravely saved her village from a scary creature. Hope had enjoyed the book so much that she had finished it in a day and had even dreamt about the scary creature that night!

"Shesha, Neo, asinaso isikhathi esiningi!" kusho uHope ebeka phansi isikhwama sakhe esisindayo. UHope noJosh babelinde uNeo. Bonke babeya epaki njengengxenye yecebo likaHope!

UHope wayeqale ukwakha icebo emva kokufunda incwadi entsha ayeyithengelwe unina. Yayimayelana nentombazane eyayisindise isigodi sayo ngobuqhawe esilwaneni esesabekayo. UHope wayeyithokozele ngempela le ncwadi kangangokuba wayeqede ukuyifunda ngosuku olulodwa vo waze wasiphupha nokusiphupha lesi silwane esesabekayo ngalobo busuku!



In the meantime, Bella and her mom had arrived at the park to walk Noodle. When Noodle saw the creature dangling in the sky, he started barking and pulling on his leash. Bella tried to hold onto Noodle's leash, but he pulled so hard that she had to let go. Off went Noodle across the park. Bella and her mom chased after him.

Neo, Josh, Hope, Bella and her mom raced over to help. They found the mayor on the ground next to the creature with Noodle still barking at it. The children helped to calm Noodle down while Bella's mom helped the mayor up.

UNeo, uJosh, uHope, uBella nonina baphuthuma khona ukuze bayosiza. Bafica imeya isephansi eduze kwesilwane uNoodle elokhu esikhonkotha. Izingane zasiza ukuthulisa uNoodle ngenkathi unina kaBella esiza imeya.



Ngaleso sikhathi, uBella nonina base befikile epaki ukuzohambisa uNoodle. Lapho uNoodle ebona isilwane silenga esibhakabhakeni, wagala ukukhonkotha ezama ukudlulubulundela entanjeni yakhe. UBella wazama ukubamba intambo kaNoodle, kodwa wayedonsa ngamandla kakhulu kunaye kwaze kwadingeka ukuba amdedele. Nango-ke uNoodle esegijima edabula ipaki. UBella nonina balandela ngejubane emva kwakhe.





“Ngethemba ukuthi lokho osihlelele khona sizokuthokozela. Kodwa wena ujaheni kangaka?” uNeo ebuza uHope ngenkathi evala umnyango wangaphambili. UNeo wayefake isigqoko sakhe asithandayo sezigebe ngu zasolwandle nendwangu yakhona yokuvala iso.


“Nami angazi njengawe nje, Neo. UHope ungicelele ukuthi ngiphathe ikhayithi lami siye epaki,” kusho uJosh ekhomba ikhayithi.

“Ngethembeni, nizokuthokozela lokhu!” kusho uHope esuka eholabangani bakhe. UNeo noJosh balandela, bezama ukuhambisana naye.

“I hope that what you’ve planned for us will be fun. Why are you in such a hurry?” Neo asked Hope as he shut the front door. Neo was wearing his favourite pirate hat and eye patch.

“I’m as clueless as you are, Neo. Hope just asked me to bring my kite to the park,” said Josh pointing to his kite.

“Trust me, you’ll enjoy this!” said Hope as she walked off ahead of her friends. Neo and Josh followed, trying to keep up.



UJosh wadonsa intambo yekhayithi, ezama ukukhuphulela isilwane lesi phezu esibhakabhakeni, kodwa babe sebeziphuzile. UNoodle wathi egxumela isilwane lesi, washayisa imeya yawa phansi. Izingcucu zamaphapha enkulumo yemeya zaphaphuka zagcwala ipaki lonke, nabantu bagala ukubaleka bashona ndawo zonke.

ngemva kwakhe.

Isilwane sagala ukuntanta sehla sigonde ngo ekhanda lemeya ngenkathi isethula inkulumo yayo! UNoodle naye wayenzibekile phansi egijima egonde kuyona esasikhonkotha belu isilwane – uBella nonina babelapha

Then the creature started to float down towards the mayor’s head as he was making his speech! Noodle was running towards him still barking at the creature – and Bella and her mom were not far behind.

Josh pulled on the kite’s string, trying to get the creature up higher into the sky, but it was too late. Noodle leapt up at the creature, knocking over the mayor. Bits of paper with the mayor’s speech on it flew all over the park, and people started running in all directions.






## Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *A day to remember* (pages 5, 6, 11 and 12), *What's at the park?* (pages 7 to 10) and *Hazel, the harmonising hen* (page 14).

### A day to remember

1. Draw or paint a picture of your favourite part of the story.
2. Imagine that you are a TV news reporter who is at the park to do a live report on the mayor's visit. Get together with a few friends and create the report of what actually happens at the park!
3. Follow these instructions to make a kite using recycled materials.
  - ♥ You will need: two long, thin sticks; string; a plastic shopping bag; kokis; a ruler; scissors; tape.
  - ♥ Lay the two sticks on top of each other in the shape of a cross. Wind some string tightly around the middle of the cross (where the two sticks meet) to keep the sticks together.
  - ♥ Cut a plastic shopping bag down one side and across the bottom. Then lay it out flat.
  - ♥ Place the sticks on the plastic bag.
  - ♥ Use a koki and a ruler to draw lines on the plastic bag that join the four ends of the sticks. Once you have done this, you should have a diamond shape on the plastic bag.
  - ♥ Cut out the diamond shape.
  - ♥ Tape the diamond shape to the sticks at the top, bottom and on the sides.
  - ♥ Cut some strips from the part of the plastic bag that you didn't use for the diamond shape. Use tape to stick these to the bottom of the kite to make a tail.
  - ♥ Create a line for your kite by tying a long piece of string around the middle of the cross-shape where the sticks meet. Make sure you make a few knots.
  - ♥ Have fun flying your kite!



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Usuku esiyohlale silukhumbula* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Yini esepaki?* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *UHazel, isikhukhukazi esicula kamnandi* (ikhasi le-15).

### Usuku esiyohlale silukhumbula

1. Dweba noma upende isithombe sengxenye yendaba oyithanda kakhulu.
2. Zibone ngeso lengqondo ungumethuli wezindaba zikamabonakude osepaki nozobika bukhoma ngokuvakasha kukameya. Hlanganani nabangani abambalwa nenze umbiko ngokwenzekayo ngempela epaki!
3. Landela le miyalelo ukwenza ikhayithi nisebenzisa izinto ezilungiselwe ukuphinde zisetshenziswe.
  - ♥ Uzodinga: izinti ezinde ezimbili; intambo; isikhwama sepulastiki sokuyothenga; amapeni ekhokhi; irula; isikelo; itheyiphu.
  - ♥ Beka izinti ezimbili olunye phezu kolunye zenze isimo sesiphambano. Thandela uqinise intambo phakathi nendawo nesiphambano (lapho izinti zihlangana khona) ukugcina izinduku zihlangene.
  - ♥ Sika isikhwanyana sokuthenga sepulastiki wehle naso ohlangothini olulodwa bese usisika ngasesinqeni. Sivule usendlele sibe yisicaba.
  - ♥ Beka izinti phezu kwesikhwama sepulastiki.
  - ♥ Sebenzisa ipeni lekhekhi nerula ukudweba imigqa esikhwameni sepulastiki ehlanganisa amachopho amane ezinduku. Uma usukwenzile lokhu, kufanele ube nesimo sedayimane esikhwameni sepulastiki.
  - ♥ Sika bese ukhipha isimo sedayimane.
  - ♥ Namathisela isimo sedayimane ezintini phezulu, phansi kanye nasezinhlangothini.
  - ♥ Sika iziqephu ezithile engxenyeni yesikhwama sepulastiki ongayisebenzisanga esimeni sedayimane. Sebenzisa itheyiphu ukunamathisela lezi ziqephu ezansi kwekhayithi ukwenza umsila.
  - ♥ Yenza umugqa wekhayithi lakho ngokubopha intambo ende uzungenze isimo esiyiziphambano lapho izinti zihlangana khona. Qiniseka ukuthi ubopha amafindo ambalwa.
  - ♥ Thokozela ukundizisa ikhayithi lakho!

### What's at the park?

- ♥ What would you have done if you had met the dog at the park?
- ♥ Try retelling the story in your own way using the pictures to guide you.

### Yini esepaki?

- ♥ Yini obungayenza ukuba ubuhlangana nenja epaki?
- ♥ Zama ukuphinda uxoxe indaba ngendlela yakho usebenzisa izithombe ezikuchushisayo.

### Hazel, the harmonising hen

- ♥ If you were Hazel, what would you have chosen: to have beautiful feathers or to have a beautiful voice? Why?
- ♥ Imagine that Hazel wrote a note to remind herself of the important lesson that she learnt from what happened in the story. What do you think her note would say? Try writing it! (You could start like this: Always remember that ...)



### UHazel, isikhukhukazi esicula kamnandi

- ♥ Ukuba ubunguHazel, yini obuzoyikhettha: ukuba nezimpaphe ezinhle noma ukuba nezwi elihle? Kungani?
- ♥ Cabanga ngeso lengqondo ukuthi uHazel ubhale umyalezo ukuzikhumbuza ngesifundo esibalulekile asifundile kokwenzeke endabeni. Ucabanga ukuthi umyalezo wakhe ubuzothini? Zama ukuwubhala! (Ungaqa kanjena: Khumbula ngaso sonke isikhathi ukuthi ...)





# Hazel, the harmonising hen

By Nonhlanhla Dube ■ Illustrations by Heidel Dedekind



Long, long ago, in a small village near where Nongoma is today, there lived a hen called Hazel. Hazel lived on a farm with lots of other animals, like cows, sheep, ducks and a peacock.

Hazel had a beautiful voice and sang so sweetly that all the other animals decided that her job on the farm would be to wake them up every morning with her lovely melodies.

Very early each morning, Hazel would sit on top of the big rock by the gate and start singing. *Pok-pok-a-dooooooooo! Cluck-cluck-a-roooooooooo!* All the other animals loved waking up to the sounds of her wonderful voice.

Now, although she was a good singer, Hazel did not like what she looked like at all.

"My creamy feathers are boring, and my legs aren't long enough. There is nothing special about the way I look. Philani, the peacock, is such a beautiful bird with his long neck and legs. He has glorious feathers that change colours in the reflection of the sun," said Hazel.



Whenever Hazel saw Philani strutting around the farm with his long legs, she would wish that she too was a beautiful peacock. "I wish I had beautiful feathers like Philani," she sighed.

One day, Hazel decided to do something about the way she looked, so she went to ask for help from wise Mpande, the tortoise. Everyone always said that Mpande had been living in the village since the beginning of time. They said that he carried all his wisdom in the shell on his back. When someone needed help with anything, they always spoke to Mpande.

When Hazel explained what was troubling her, Mpande looked at her from head to toe. "I can help you, but there will be a price to pay for changing what you look like," he said shaking his head. "You will have to accept any other changes that may happen to you."

Hazel did not give Mpande's words much thought. She had already decided that she would do anything to look different. "I will accept any changes! I just need to look as special as other birds," replied Hazel.

The wise tortoise warned Hazel again that changing what she looked like would not be easy. "To make the magic work, you will have to give up something," he explained.

Hazel didn't really understand what this meant, but she agreed to go ahead anyway.

Mpande handed Hazel a potion to drink. "Drink this before you go to sleep tonight and in the morning you will be as beautiful as the rising morning sun," he explained.

Hazel rushed back to the farm. She was so excited that she decided to go to sleep very early that evening. Before she went to bed, she did exactly as Mpande had told her.

Early the next morning, Hazel rushed over to a nearby stream to look at her reflection in the water. A beautiful looking hen stared back at her! The feathers on her body were the colours of the rainbow and her wings were long with violet, silver and gold on them. Hazel jumped up and down with joy!

She was so excited that she burst out in song ... but as she started singing, a loud screech came out of her mouth! What had happened to her beautiful voice?



All the other animals on the farm heard the loud noise and woke up, frightened. "What's going on?" asked the biggest cow.

"*Kwenzekani?*" asked a startled rabbit, poking his head out of the hole in the ground in which he slept.

"*Quack-quack!* What's that horrible noise?" shouted all the ducks.

When Hazel heard the sound of her voice and saw how it frightened the other animals, she rushed off in tears to find Mpande.

Mpande saw Hazel hurrying in his direction. When she reached him, she didn't even wait to catch her breath, "Mpa... Mpa... Mpande! It's my voice ... it's gone! Please help me! This is a disaster!" she said.

The wise tortoise was not surprised at all. "I warned you that you would have to give up something to get what you wanted. I can bring back your beautiful voice, but you will have to appreciate everything that makes you who you are, even the things you don't like so much," he said with a kind smile.



Hazel understood what Mpande was trying to teach her. What a wise tortoise he was!

Mpande brought back Hazel's voice and from that day on, she promised that she would love and appreciate all that made her who she truly was – Hazel, the harmonising hen!





# UHazel, isikhukhukazi esicula kamnandi

NguNonhlanhla Dube ■ Imidwebo nguHeidel Dedekind



Kudaladala, emandulo, esigodini esincane eduze kwalapho kukhona uNongoma khona manje, kwakuhlala isikhukhukazi esibizwa ngokuthi nguHazel. UHazel wayehlala epulazini nezinye izilwane eziningi, njengezinkomo, izimvu, amadada kanye nepigogo.

UHazel wayenezwi elihle futhi wayecula kamnandi ngale ndlela yokuthi zonke ezinye izilwane zanquma ukuthi umsebenzi wakhe epulazini kwakuzoba wukuzivusa njalo ekuseni ngomnkenenezo wakhe othandekayo.

Ekuseni kakhulu nsuku zonke, uHazel wayehlala phezu kwedwala elikhulu eliseduze kwesango bese eqala ecula. *Ku-ku-ku-kukuku! Ku-ku-ge-ke-ke-ge-ke-ke!* Zonke ezinye izilwane zazithanda ukuvuka zivuswa yimisindo yezwi lakhe eliyisimanga.

Manje-ke, nakuba wayengumculi ophambili, uHazel wayengayithandi nhlobo indlela ayebukeka ngayo.

“Izimpaphe zami ezimpofana azithokozisi, futhi nemilenze yami ayimide ngokwanele. Akukho lutho olukhethekile mayelana nendlela engibukeka ngayo. UPhilani, ipigogo, uyinyoni enhle kabi nentamo yakhe ende kanye nemilenze emide. Unezimpaphe ezimangalisayo eziguquka imibala uma zihlatshwa yilanga,” kusho uHazel.



Njalo nje lapho uHazel ebona uPhilani eqholosha ngokuzethemba epulazini nemilenze yakhe emide, wayefisa ukuthi naye ngabe uyipigogo elihle. “Ngifisa sengathi ngabe nginezimpaphe ezinhle njengoPhilani,” ephfumulela phezulu.

Langa limbe, uHazel wanquma ukwenza okuthile mayelana nendlela abukeka ngayo, ngakho wahamba wayocela usizo kuMpande ohlakaniphile, ufudu. Wonke umuntu wayede ethi uMpande wayehlala kule ndawo selokhu kwathi nhlo. Babethi wayethwele ukuhlakanipha kwakhe konke egobolondweni lakhe elisemhlanane. Uma kukhona othile odinga usizo nganoma yini, wayekhuluma noMpande.

Lapho uHazel echaza ngokwakumkhathaza, uMpande wambuka emsusa ekhanda eyomkhipha onyaweni. “Ngingakusiza, kodwa kuzoba nokuthile okumele ukukhokhe ngokuguqula indlela obukeka ngayo,” kwasho yena enikina ikhanda. “Kuzomele wamukele noma yiziphi izinguquko ezizokwenzeka kuwe.”

UHazel akazange acabange kakhulu ngamazwi kaMpande. Wayesevele enqumile ukuthi angenza noma yini ukuze abukeke ngokuhlukile. “Ngizokwamukela noma yiziphi izinguquko! Ngifuna ukubukeka ngikhethekile njengezinye izinyoni,” kuphendula uHazel.

Ufudu oluhlakaniphile lwamxwayisa futhi uHazel ukuthi ukuguqula indlela abukeka ngayo kwakungezokuba lula. “Ukuze umlingo usebenze, kuzomele udele okuthile,” kuchaza yena.

UHazel wayengaqondi ngempela ukuthi lokho kwakusho ukuthini, kodwa wavuma ukuthi ufuna ukuqhubeka noma kunjani.

UMpande wanikeza uHazel umuthi ukuthi awuphuze. “Phuza lokhu ngaphambi kokuthi uyolala namuhla ebusuku. Ekuseni uzobe usumuhle njengelanga liphuma ekuseni,” kuchaza yena.

UHazel waphuthuma emuva epulazini. Wayejabule ngale ndlela yokuthi wanquma ukuthi asheshe alale ngalobo busuku. Ngaphambi kokuthi ayolala, wenza njengoba uMpande wayemtshelile ukuthi enze.

Ekuseni kakhulu ngakusasa, uHazel waphuthuma emfudlaneni oseduze ukuze azibone emanzini. Kwakunesikhukhukazi esibukeka sisihle esasingqolozele! Izimpaphe ezisemzimbeni wakhe zazinombala wothingo lwenkosazana futhi izimpiko zakhe zazizinde zinombala osabukhwebezane, ositla nosagolide. UHazel wagxuma waya phansi naphezulu ngokujabula!

Wayejabule ngale ndlela yokuthi wavele waqhuma ngengila esecula ingoma ... kodwa ngenkathi eqala ecula, emlonyeni wakhe kwaphuma izwi elisakukhwehlela elihoshozo lisholo phezulu! Kwakwenzekeni ngezwi lakhe elihle?



Zonke ezinye izilwane ezisepulazini zezwa umsindo omkhulu zavuka, zethukile. “Kwenzekani?” kubuza inkomazi enkulukazi.


“Kwenzekani?” kubuza unogwaja ethukile, eveza inhloko yakhe emgodini osenhlathini alala kuwo.

“*Klwa-klwa!* Ngumsindo wani lowo omubi kanje?” kumemeza wonke amadada.

Lapho uHazel ezwa umsindo wezwi lakhe futhi ebona indlela elethusa ngayo ezinye izilwane, wagijima egcwele izinyembezi eyofuna uMpande.

UMpande wabona uHazel ephuthuma eza ngakuye. Wathi uma efika, akazange alinde nokuthi kuphele ukukhefuzela, “Mpa... Mpa... Mpande! Yizwi lami ... lihambile! Ngicela ungisize! Lokhu kuyishwa elikhulu!” kusho yena.

Ufudu oluhlakaniphile lwalungamangele nhlobo. “Ngikuxwayisile ngokuthi kumele udele okuthile ukuze uthole okufunayo. Ngingakwazi ukukubuyisela izwi lakho elihle, kodwa kuzomele uthakasele yonke into ekwenza ube yilokho okuyikho, ngisho nezinto ongazithandi kangako,” esho ngokumamatheka okuthobekile.



UHazel wayekuqonda lokho uMpande ayezama ukumfundisa khona. Wayewufudu oluhlakaniphile ngempela!

UMpande wabuyisela uHazel izwi lakhe kanti ukusukela ngalelo langa, wethembisa ukuthi uzothanda aphinde athakasele konke okwakwenza abe yilokho ayikhona ngeqeniso – uHazel, isikhukhukazi esicula kamnandi!



# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



### 1. Make a badge

1. Cut along the red dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
6. Enjoy wearing your badge as you read and listen to stories on World Read Aloud Day.

### Yenza ibheji

1. Sika ulandele amachashazi abomvu ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika isiyingi esiwubukhulu obufanayo nebheji ekhalibhothini elilulana, isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa itheyiphu yokunamathisela noma eyokumboza ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngenkathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.



### 2. Find the words

Can you find the word for "read" in different South African languages in the wordsearch box? Remember that the words can be forwards, backwards, up or down in the box.

### Cinga amagama

Ungakwazi ukuthola igama elithi "fundani" ngezilimi ezahlukene zaseNingizimu Afrika ebhokisini lokucinga amagama? Khumbula ukuthi amagama angabhaleka aye phambili, aye emuva, aye phezulu noma phansi ebhokisini.

F	U	N	D	A	N	I	G
U	X	H	B	N	D	F	N
N	B	D	A	E	R	O	A
D	P	U	L	E	E	S	S
Z	V	H	A	L	A	N	I
A	Y	A	N	V	H	Y	U
N	S	A	G	N	I	B	B
I	I	N	A	Y	A	L	H



**Balang** (Sepedi, Sesotho)

**Buisang** (Setswana)

**Fundani** (IsiNdebele, IsiXhosa, IsiZulu)

**Fundzani** (Siswati)

**Hlayani** (Xitsonga)

**Lees** (Afrikaans)

**Read** (English)

**Vhalani** (Tshivenda)



Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** by calling our call centre on **02 11 80 40 80**, or in any of these ways:

**UNal'ibali** ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Thintana nathi** ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust and Arena Holdings Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

**Sowetan**  
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your  
imagination

